



Edition 54  
IsiZulu, English

It starts with a story...

## Read every day!

**For the past two years Nalibali has been encouraging you to read to your children regularly – just 15 minutes a day, every day! But why is this very small action so very important? Here are some of the reasons.**

- Things that are part of the rhythm of the everyday life of a child, soon become a habit. The easiest way to instill the reading habit in children is to use their love of stories. When you read with them every day, they come to see reading as natural and something that people do every day – just like eating, sleeping and brushing your teeth!
- When children are read to every day, they learn that their lives include the pleasure and satisfaction of a good story. Looking forward to story time is an

important step in becoming a lover of books and a life-long reader.

- Reading to children every day no matter how busy you are, means you are making time for them. This shows them that they are important to you. "Come! Sit here with me and let's read this together," sends them a loving message. The memory of spending relaxed and satisfying story times with you, will stay with your children throughout their lives.
- Children learn to read by first being read to and then learning how to do it for themselves. When you read to young children, you show them how books work – how the pictures and words work together to tell the story, how the words in a book stay the same every time you read them, and how the words we read

have meaning. Knowing these things helps children learn how to read for themselves later on.

- Reading to your children every day – no matter what their ages – is also a good way to get to know what interests them and to let them know what interests you. It's not only reading together that makes a difference, but also the discussions you have about the characters and things that happen in the story. Talking about these things develops their thinking, imagination, language and their understanding of people. It helps them to develop into thoughtful and compassionate human beings.

For more information on reading with your children, visit "Tips and Topics" on [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi).

## Funda insuku zonke!

**UNalibali ubelokhu ekukhuthaza ukuthi ufundele izingane zakho njalo eminyakeni emibili edlule – imizuzu eyi-15 ngosuku, nsuku zonke! Kodwa ngabe kungani lesi senzo esincane kangaka sibaluleke kangaka? Nazi ezinye zezizathu.**

- Izinto eziyinxenye yesigqi sansuku zonke sempilo yengane, ngokushesha nje zigcina seziwumkhuba owenzekayo. Indlela elula yokugxilisa umkhuba wokufunda ezinganeni ukusebenzisa uthando lwazo lwezindaba. Uma ufunda nazo nsuku zonke, zigcina zibona ukufunda njengento yemvelo nje kanye nento eyenziwa abantu nsuku zonke – efana nokudla, ukulala nokuxubha!
- Uma izingane zifundelwa nsuku zonke, ziyafunda ukuthi izimpilo zazo zihlanganisa ubumnandi nokweneliswa indaba emnandi. Ukulangazelela isikhathi sendaba kuyisinyathelo esibalulekile ekubeni ngumthandi wezincwadi nomfundi wazo impilo yakho yonke.

- Ukufundela izingane nsuku zonke noma ngabe umatasatasa kangakanani, kuchaza ukuthi nazo uzibekile isikhathi. Lokhu kuchaza ukuthi zibalulekile kuwe. Ukuthi, "Woza! Hlala nami la sifunde lokhu ndawonye," kuthumela kuzo umlayezo wothando. Inkumbulo yokuchitha isikhathi sezindaba nawe ninethezekile futhi nenelisekile, izohlala nezingane zakho impilo yazo yonke.
- Izingane zifunda ukufunda okubhaliwe ngokuthi ziqale zifundelwe bese emva kwalokho zifunde ukuzenzela. Uma ufundela izingane ezincane, uzikhombisa ukuthi zisebenza kanjani izincwadi – ukuthi zisebenza kanjani izithombe nezincwadi kanyekanye ukuze zixoxe indaba, ukuthi ahlale efana kanjani amazwi encwadini njalo uma uwafunda, nokuthi amagama esiwafundayo asho okuthile. Ukwazi lezi zinto kusiza izingane ukuthi zifunde ukuthi nazo zingazifundela kanjani ekuqhubekeni kwempilo yazo.
- Ukufundela izingane zakho nsuku zonke – noma zineminyaka emingaki – kuyindlela enhle futhi

yokwazi ukuthi yini ezihlaba umxhwele nokuthi uzazise ukuthi yini wena ekuhlaba umxhwele. Akukhona ukufunda ndawonye kuphela okwenza umehluko, kodwa nokuxoxa kwenu ngabalingiswa nangezinto ezenzeka endabeni. Ukuxoxa ngalezi zinto kuthuthukisa ukucabanga, ukuzakhela izithombe zomqondo, ulimi nendlela eziqonda ngayo abantu. Kuzisiza ukuthi zikhule zibe ngabantu abacabangela abanye, nabanozwela.

Ukuze uthole eminye iminingwane mayelana nokufunda nezingane zakho, vakashela ku-"Tips and Topics" ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi).



Drive your  
imagination

Read to me. Every day.  
Ngifundele. Nsuku zonke.





Drive your imagination

## Story stars

### Giving back

Nal'ibali's partner, the South African Education and Environment Project (SAEP), is a Cape Town-based non-profit organisation that aims to empower people through education. One of the ways in which they support young people, is through a programme that offers training and support in the year after they finish school. We spoke to Msawenkosi Ndyalivane, Nande Yola, Sihle Jacob and Yamkela Mlomo who are part of the programme, and the programme co-ordinator Zimkhitha Ndinga, to find out more about their time volunteering at Siyazakha Primary School in Phillipi.

#### What motivates you to volunteer?

The idea of giving back to our community and the joy we see in the children's eyes every time we go for the reading sessions, motivates us. We also know that the children get a lot from the sessions.

#### What are your top three tips for encouraging a love of reading in children?

1. Make reading fun and not something that children *have* to do, but rather something that they *want* to do because it is fun and feels worthwhile.
2. Involve them in all the reading activities, from choosing a book or story to allowing them to read or tell the story.
3. Encourage children to be creative and to use their imaginations.

#### What is your favourite book to read to children?

The children's version of *Long walk to freedom* by Chris van Wyk. It is a real-life fairy tale. *Long walk to freedom* is a story of hope. It is the story of Nelson Mandela, who had humble beginnings and put in hard work to achieve his dream.

#### What is the value of stories?

They educate us, encourage our curiosity and make us use our imaginations!

#### What is the greatest lesson you have ever learnt from a book or story?

Never judge a book by its cover. Take time to read it!

#### Life without books would be ...

... miserable, boring and uninteresting.



SAEP volunteers with a group of children from Siyazakha Primary School  
Amavolontiya ase-SAEP afundela izingane eSiyazakha Primary School

## Abavelele ezindabeni

### Ukubuyisela emphakathini

Inhlangano esebenzisana noNal'ibali, i-South African Education and Environment Project (SAEP), iyinhlangano eseKapa engasebenzeli nzuzo ephokophele ukwenza ngcono izimpilo zabantu ngemfundo. Enye yezindlela abaxhasa ngazo abantu abasha, ingohlelo olubahlizeka ngokubaqeqesha nokubeseka enyakeni ongemuva kwabaqede ngawo isikole. Sixoxe noMsawenkosi Ndyalivane, uNande Yola, uSihle Jacob noYamkela Mlomo abayingxenywe yohlelo, nomdidiyeli wohlelo uZimkhitha Ndinga, ukuze sithole kabanzi ngesikhathi sabo sokuba ngamavolontiya eSiyazakha Primary School ePhillipi. Phakathi kwezimpendulo abazinikezile, sikhethe lezi:

#### Yini enikhuthaza ukuthi nivolontiyi?

Okusikhuthazayo, umqondo wokubuyisela okuthile emphakathini wethu nenjabulo esiyibona emehlweni ezingane njalo uma siya emihlanganweni yokufunda. Siyazi futhi ukuthi izingane zithola okuningi emihlanganweni yethimba.

#### Yimaphi amacebo enu amathathu abalulekile okukhuthaza uthando lokufunda ezinganeni?

1. Yenza ukufunda kube mnandi kungabi into *okumele* izingane ziyenze, kunalokho kube yinto *ezifuna* ukuyenza ngoba imnandi futhi izwakala ibalulekile.
2. Zibandakanye emisebenzini ephathelene nokufunda, kusukela ekukhetheni incwadi noma indaba ukuya ekuzivumeleni ukuthi zifunde noma zixoxe indaba.
3. Khuthaza izingane ukuthi ziveze ubuciko bazo nokuthi zisebenzise imiqondo yazo.

#### Yiphi incwadi othanda ukuyifundela izingane?

Incwadi elungiselwe izingane ethi, *Long walk to freedom*. kaChris van Wyk, iyindaba esanganekwane kodwa yempilo yangempela. I-*Long walk to freedom* iyindaba enika ithimba. Yindaba engoNelson Mandela, owaqala enempilo ejwayelekile nje kodwa wasebenza kanzima ukuze afeze iphupho lakhe.

#### Yini ebalulekile ngezindaba?

Ziyasifundisa, zisenze sifune ukwazi okuzokwenzeka futhi zisenza sisebenzise imiqondo yethu!

#### Yisiphi isifundo esikhulu enike nasifunda encwadini noma endabeni?

Ukungabuki ingaphandle lencwadi bese ucabanga ukuthi uyayazi ukuthi iquketheni. Zinike isikhathi uyifunde!

#### Impilo engenazo izincwadi ingaba ...

... muncu, ibe nesicefe futhi ngeke ihlabe umxhwele.



## Nal'ibali on radio!

Enjoy listening to stories in isiZulu and in English on Nal'ibali's radio show:

Ukhozi FM on Monday to Wednesday from 9.20 a.m. to 9.30 a.m.

SAfm on Monday, Wednesday and Friday from 1.50 p.m. to 2.00 p.m.



## UNal'ibali usemsakazweni!

Thokozelani ukulalela izindaba ngesiZulu nesiNgisi ohlelweni lomsakazo lukaNal'ibali:

Ku-Ukhozi FM ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu kusukela ngo-9.20 ekuseni ukuya ku-9.30 ekuseni.

Ku-SAfm ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu kusukela ngo-1.50 emini ukuya ku-2.00 emini.

### Create your own cut-out-and-keep book

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. Fold it in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again.
4. Cut along the red dotted lines.

### Zakheleni eyenu incwadi enizoyisika niyikhiphe bese niyigcina

1. Khipha amakhasi 3 ukuya ku-6 kulesi sithasiselo.
2. Lisonge libe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi.
4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.





She poked her head into Baba Jive's club. Little Chico was nowhere to be seen.  
 "Oh, Little Chico," sighed Mama Jumbo tearfully, "where can you be?"  
 Walunguza ekilabhini kababa jive. Kepha uLittle Chico wabe engabonwa nangalukhalo.  
 "Hho, Little Chico," kubalisa uMama Jumbo kwehla izinyembezi, "kungabe ukuphi?"



She peeped into Bro Vusi's mobile library. But she could not see Little Chico.

Walunguza emtsheni wezinwadi ongumabandlwana kabro Vusi. Kepha akambonanga uLittle Chico.

Fold



PAN MACMILLAN

This is an excerpt from the book *Zanzibar Road* by Niki Daly, published by Giraffe Books, which is an imprint of Pan Macmillan South Africa. The delightful follow-up, *Next Stop – Zanzibar Road*, is also available in bookstores and from online retailers.

With a heart as big as Africa, Mama Jumbo arrives on Zanzibar Road ready to build a house, make new friends and settle down.

In five hilarious chapters, Niki Daly introduces a colourful and entertaining cast of characters who will delight children of all ages.

Welcome to Zanzibar Road!

Niki Daly's high regard for children is always beautifully expressed through the books he creates for them. He has won numerous awards at home and abroad for his lyrical writing and gently humorous illustrations.

This story is also available in the following languages: isiZulu, isiXhosa, siSwati, isiNdebele, Sesotho, Sesotho sa Leboa, Lesotho Sesotho, Setswana, tshiVenda, xiTsonga and Portuguese. To find out more about Pan Macmillan and its imprints and titles, go to [www.panmacmillan.co.za](http://www.panmacmillan.co.za).

©Giraffe Books/Pan Macmillan South Africa (African Rights) Tel: (011) 731 3400

# Zanzibar Road Umgwago uZanzibar



Niki Daly

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



It starts with a story...

UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa yizingane ngokuxoxa nangokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Drive your imagination

Fold

Ngokushesha, uMama Jumbo wehla ngomgwapo ebheka uLittle Chico. Walunguza espaza sikaLouie-Louie. Kepha akamtholanga uLittle Chico.

Quickly, she set off down the road to look for him. She popped into Louie-Louie's Spaza. But she could not see Little Chico.



Fold



Where's Little Chico?  
Uphi uLittle Chico?

"I'm glad you're happy," said Mama Jumbo. "But no more sitting on heads!"



"Kuyangithokozisa ukuthi ujabule," kusho uMama Jumbo. "Kodwa-ke ungaphinde uhlale emakhanda abantu!"

Fold

Poor Mama Jumbo walked all over town, but still she could not find Little Chico.


"Why are you looking so sad, Mama Jumbo?" asked Juju.

"I've lost Chico! And now my heart is broken," she cried. "Just wait until I find him. I'll pull his tail for making me worry so."

UMama Jumbo wahamba lonke idolobha kodwa akamtholanga uLittle Chico.

"Kungani ubukeka ukhathazekile, Mama Jumbo," kubuza uJuju.

"Ngilahlekelwe nguLittle Chico manje inhliziyoyami ikhathazekile," esho ekhala. "Mana nje ngizoze ngimthole. Ngizomdonsa ngomsila ngokungenza ngikhathazeke kangaka."



Kodwa uMama Jumbo akambonanga ndawo uLittle Chico.

"Hho! Nkosi yami!" esho edonsa umoya, "mhlawumbe uLittle Chico akasafuni ukuhlala nami. Mhlawumbe udukile!"



But Mama Jumbo could not see Chico anywhere.

"Oh dear," she said with a sigh. "Perhaps Little Chico does not want to live with me anymore. Or maybe he has got lost!"

Now the day was done, and Mama Jumbo felt disappointed.

"I wanted so much to spoil you today," she said sadly.

"Oh, Mama, I've had a lovely day!" said Little Chico. "I've looked under the bed. I've looked over the roof. I've been to Louie-Louie's Spaza, filled with sweets and nice smells. Then I popped into Bro Vusi's mobile library and saw lots and lots of books. I heard jazzy music in Baba Jive's club. And now we are having a mielie braai and watching the sun go to bed."

Manje ilanga lase lishonile, uMama Jumbo wabe edangele.

"Bengifuna kakhulu ukukujabulisa namhlanje," esho ngokudabuka.

"Hho, Mama, ngibe nosuku oluhle!" kusho uLittle Chico. "Ngibheke phansi kombhede. Ngabheka phezu kwendlu. Ngaya eSpaza sikaLouie-Louie, esigcwaliswe ngamaswidi namaphunga amnandi. Ngibe sengiya emtatsheni wezincwadi ongumahambanendlwana kaBro Vusi ngabona izindodla ngezindodla zezincwadi. Ngezwa umculo opholile ekilabhini kaBaba Jive. Manje senze izoso futhi sibuka ilanga liyozilahla kunina."

Mama Jumbo woke up feeling very excited.

"What a lovely day for spoiling my Little Chico," she thought.

But when she looked for Little Chico, she could not find him.

UMama Jumbo wavuka egcwele injabulo.

"Usuku oluhle lokuthokozisa uLittle Chico wami," ecabanga.

Kepha kwathi lapho ecinga uLittle Chico, akamtholanga.



Wabheka ngaphandle.

She looked outside.

She looked inside.



Wabheka phakathi.

Wahleka uju. "Hho, Mama Jumbo. Ulittle Chico uhlezi ekhanda lakho!"  
 "Little Chico, kungabe uhleli ekhanda lam?" kuthetha uMama Jumbo.  
 "Yebo, ngihleli," kusho ulittle Chico.  
 "Kulungile, dilika-kei!" kusho uMama Jumbo.



Juju laughed. "Oh, Mama Jumbo. Little Chico is sitting on your head!"  
 "Little Chico, are you sitting on my head?" scolded Mama Jumbo.  
 "Yes, I am," said Little Chico.  
 "Well, jump down at once!" said Mama Jumbo.

Mama Jumbo was so pleased to see her darling that she did not pull his tail. Instead, she hugged him.



UMama Jumbo wakuthokozela kakhulu ukubona intandokazi yakhe kangangokuba akazange esayidonsa ngomsila. Esikhundleni salokho wayanga.

## Get story active!

Here are some activities based on the story, 'Where's Little Chico?' from *Zanzibar Road* for you and your children to try.

- As you read the story together, make comments that help your children to explore the story. For example, after reading page 8, you could say, "I wonder why Mama Jumbo looks for Little Chico in the mobile library. Can you think why?"
- Draw your children's attention to the details in the illustrations. For example, spend time looking at and talking together about:
  - Mama Jumbo's unusual bed (page 2)
  - what Louie-Louie sells at his spaza (page 7)
  - what the people in Baba Jive's club are doing (page 9)
  - how Mama Jumbo feels about Little Chico (page 13).
- Ask your children if they can think of reasons why Mama Jumbo doesn't know that Little Chico is on her head the whole time.
- At the end of the story, Little Chico tells Mama Jumbo that he has enjoyed his day even though they haven't really done anything special. What do you and your children enjoy doing together? Talk together about the ordinary, everyday things that you all enjoy doing.
- Encourage your children to write a letter or short message from Little Chico to Mama Jumbo. Or, let them write letters or messages to people they love – and then send or deliver them!
- Suggest that your children draw their own pictures of Mama Jumbo and Chico. Or, they could draw a picture of themselves and someone who loves them very much. Encourage them to write something to go with their pictures.

## Who am I?

Can you match the names of the Nal'ibali characters to the pictures?

## Ngingubani?

Ngabe ungakwazi ukuqondanisa amagama abalingiswa bakwaNal'ibali nezithombe?



Bella



Neo



Afrika

Noodle

## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nansi eminye imisebenzi esekelwe endabeni ethi, "Uphi uLittle Chico?" ephuma encwadini ethi, *Umgwaqo uZanzibar* eningayizama nezingane zakho.

- Ngesikhathi nifunda izindaba ndawonye, phawula ngokuzosiza izingane zakho ukuthi zijule nendaba. Isibonelo, ngemuva kokufunda ikhasi lesi-8 ungathi, "Ngiyamangala nje ukuthi kungani uMama Jumbo eyobheka uLittle Chico emtatsheni wezincwadi ongumahambanendlwana. Ningacabanga ukuthi kungani?"
- Khombisa izingane zakho yonke imininingwane esemidwebeni. Isibonelo, chithani isikhathi nibheka futhi nixoxa ndawonye mayelana:
  - nombhede ongajwayelekile kaMama Jumbo (ekhasini lesi-2)
  - nokuthengiswa uLouie-Louie espaza sakhe (ekhasini lesi-7)
  - nokuthi benzani abantu ekilabhini kaBaba Jive (ekhasini lesi-9)
  - nokuthi uMama Jumbo uzizwa kanjani ngoLittle Chico (ekhasini le-13).
- Buza izingane zakho ukuthi ziyakwazi yini ukucabanga izizathu ezenza ukuthi uMama Jumbo angazi ukuthi uLittle Chico uhleli phezu kwekhanda lakhe sonke lesi sikhathi.
- Ekupheleni kwendaba, uLittle Chico utshela uMama Jumbo ukuthi uluthokozele usuku lwakhe noma bengazange benze nto ekhethekile. Yini wena nezingane zakho enithokozele ukuyenza ndawonye? Xoxani ndawonye ngezinto eziwayelekile, zansuku zonke enithokozele ukuzenza nonke.
- Khuthaza izingane zakho ukuthi zibhale incwadi noma umlayezo omfushane ovela kuLittle Chico uya kuMama Jumbo. Noma, uzivumele ukuthi zibhale incwadi noma umlayezo okuya kumuntu ezimthandayo – bese zikuthumela noma zikuhambise!
- Yenza isiphakamiso sokuthi izingane zakho zidwebe ezazo izithombe zikaMama Jumbo noChico. Noma, zingadweba izithombe zazo nomuntu oziithanda kakhulu. Zikhuthaze ukuthi zibhale into ethile ehambisana nezithombe zazo.

## Reading club corner

Here are some days to celebrate at your club in February! Choose one or two of these special days to enjoy together this month. For example, celebrate Valentine's Day by reading or telling stories about love. This edition's cut-out-and-keep story from *Zanzibar Road* is a good example of this kind of story. Celebrate one of the authors' birthdays by borrowing a book by them from the library and reading aloud from it.

- 1 February** Meg Cabot's birthday (author of novels for children and teenagers)
- 14 February** Valentine's Day
- 21 February** International Mother Tongue Day
- 26 February** Tell-a-Fairy-Tale Day
- 28 February** Megan McDonald's birthday (author of the popular Judy Moody series of novels aimed at children aged 6–10 years)


## Ikhona Lethimba Lokufunda

Nazi ezinye izinsuku enizozigubha ethimbeni lokufunda ngoNhlolanja! Khetha usuku olulodwa noma ezimbili zalezi zinsuku ezikhethekile ukuze nizithokozele ndawonye kule nyanga. Isibonelo, gubhani Usuku Lwezithandani ngokufunda noma ukuxoxa izindaba ezimayelana nothando. Le ndaba eshicilelwe enizoyisika niyikhiphe evela encwadini ethi, *Umgwaqo uZanzibar* iyisibonelo esihle salolu hlobo lwendaba. Gubhani usuku lokuzalwa lomunye wababhali ngokuboleka enye incwadi yabo emtatsheni wezincwadi noma ngokuyifunda kakhulu.

- Mhla lu-1 kuNhlolanja** usuku lokuzalwa lukaMeg Cabot (umbhali wamanoveli ezingane namabhungu namatshitshi)
- Umhla ka-14 kuNhlolanja** uSuku Lwezithandani
- Umhla ka-21 kuNhlolanja** uSuku Lomhlaba Wonke Lolimi Lwasekhaya
- Umhla ka-26 kuNhlolanja** uSuku Lokuxoxa Inganekwane
- Umhla ka-28 kuNhlolanja** usuku lokuzalwa lukaMegan McDonald (umbhali wezindaba ezidumile ezingamanoveli awuchungechunge athi Judy Moody enzelwe izingane ezineminyaka ephakathi kweyisi-6 ukuya kweyi-10)

You can find free sample chapters from many of the Judy Moody books on the official Judy Moody website – [www.judymoody.com/#books](http://www.judymoody.com/#books). Find out more about Meg Cabot's books on [www.megcabot.com](http://www.megcabot.com).

Ungathola amasampula amahhala ezahluko ezivela ezincwadini eziningi zikaJudy Moody esizindalwazini esisemthethweni sikaJudy Moody – [www.judymoody.com/#books](http://www.judymoody.com/#books). Thola kabanzi ngezincwadi zikaMeg Cabot ku-[www.megcabot.com](http://www.megcabot.com).



## Story corner

Here is the first part of a story for you to read aloud or tell. It is about Hans, who has lots of ideas – but are any of them useful?

### Wise Hans (Part 1) Retold by Jay Heale Illustrations by Meg Jordi

Hans was on his way home with a large bag of money, which he had earned after many years of hard work. He had not walked far when he saw a man riding on a horse.

“Oh, what a clever way to travel!” cried Hans. “He must be a very wise man to have spent his money on a horse!”

The horseman said, “If that’s how you feel, why don’t we make an exchange? You can take my horse and I will take your gold.”

So, the horseman gave Hans the horse and in return, Hans gave him the gold. Hans felt proud as he guided his horse down the road. He kicked his heels into the horse’s side. Before he knew what was happening, he was lying in the ditch!

Perhaps he bumped his head because he soon exchanged the horse for a cow, hoping for a drink of milk. Then he exchanged the cow for a pig, because he enjoyed eating pork more than beef. After that, he exchanged the pig for a white goose, thinking he could roast the goose and fill a pillow with the feathers afterwards.

**What do think Hans is going to do next? Find out next week whether his choices were wise ones in the end!**

CAMBRIDGE

From *Three clever thinkers* by Jay Heale © 2009  
Ihunyushwe isuselwa ku-*Three clever thinkers* nguJay Heale © 2009

### In your next Nal'ibali supplement:

- Building children’s literacy book by book
- A selection of children’s writing sent to us
- Step-by-step through a fun storytelling activity
- A cut-out-and-keep book, *The elders at the door*
- The final part of the story, *Wise Hans*

Our tip sheets offer easy ways for caregivers and volunteers to help children become successful readers at any age – and they’re available in six South African languages! Download them for free at: <http://nalibali.org/resources/>



Find us on Facebook:  
[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)  
Sithole  
kuFacebook:  
[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)

## Ikhona lezindaba

Nansi ingxenye yokuqala yendaba ozothokozela ukuyifunda kakhulu noma ozoyixoxa. Imayelana noHans, onamacebo amaningi – kodwa ngabe akhona phakathi kwawo asebenzayo?

### Isihlakaniphi esinguHans (Ingxenye yoku-1) Ixoxwa kabusha nguJay Heale Imidwebo yenziwe nguMeg Jordi

UHans wayesendleleni eya ekhaya ephethe isikhwama esikhulu esigcwele imali, ayeyithole ngemva kweminyaka eminingi esebenza kanzima. Wayengakahambi kakhulu ngesikhathi ebona indoda igibele ihhashi.

“O, kwaze kwayindlela ekahle yokuhamba lena!” kubabaza uHans. “Kufanele ukuthi uyindoda ehlakaniphe kakhulu ngoba usebenzise imali yakhe ukuthenga ihhashi!”

Indoda egibele ihhashi yathi, “Uma uzwa kanjalo, yini pho singashintshani? Ungathatha ihhashi lami bese mina ngithatha igolide lakho.”

Ngakho, indoda egibele ihhashi yanika uHans ihhashi, uHans wayinika igolide. UHans wazizwa eziqhenya ngesikhathi ekhombisa ihhashi okumele likwenze behla ngomgwaqo. Wakahlela izinhlangothi zehhashi ngezithende zakhe. Wazibona esevume phansi, elele emseleni!

Kungenzeka ukuthi washayeka ngekhandla ngoba washeshe washintshisana ngehhashi lakhe ukuze athole inkomo, ethemba ukuthi uzothola ubisi. Wase eshintshisana ngenkomo ukuze athole ingulube, ngoba wayeyithanda kakhulu inyama yengulube kuneyenkomo. Ngemva kwalokho, washintshisana ngengulube ukuze athole ihansi elimhlophe, ecabanga ukuthi angathosa ihansi bese egcwalisa umqamelo ngezimpaphe zalo kamuva.

**Ngabe ucabanga ukuthi yini elandelayo ezokwenziwa uHans? Thola ngesonto elizayo ukuthi ngabe lokho akukhethile kugcine kuyinto ehlakaniphile yini!**

### Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwaNal'ibali:

- Thuthukisa ukwazi ukufunda nokubhala ezinganeni ngencwadi nencwadi
- Okukhethiwe kokubhalwe yizingane kwathunyelwa kithi
- Ukuxoxa izindaba isinyathelo ngasinye ngomsebenzi wokuxoxa izindaba othokozisayo
- Incwadi ozoyisika uyikhiphe, ethi, *Abantu abadala abasemnyango*
- Ingxenye yokugcina yendaba, *Isihlakaniphi esinguHans*

Amakhasi ethu okunikeza amacebo anikeza izindlela ezilula zabanakekela izingane namavolontiya ukuze kusizwe izingane ukuthi zibe abaphumelelayo ekufundeni noma ngabe zineminyaka emingaki - futhi atholakala ngezilimi eziyisithupha zaseNingizimu Afrika! Athwebula ngensiza yekhompyutha mahhala ku-<http://nalibali.org/resources/>

Supplement produced by The Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA) and Times Media Education. Translated by Busisiwe Pakade. Nal'ibali character illustrations by Rico.



Drive your imagination

Daily Dispatch

The Herald

The Times

Sowetan